Basic Education
Health

## IFomu le mvume yoMgomo we-Human Papillomavirus (HPV)

UMnyango weZempilo ubambisene noMnyango weZemfundo Eyisisekelo kanye nabanye abasebenzisana nabo uzokwethula uhlelo lomgomo weHuman Papillomavirus (HPV) ezikoleni njenge ngxenye yoHlelo oludidiyelwe lweMpilo eZikoleni (ISHP). Uhlelo lomgomo we HPV luhlose ukunciphisa inani lezehlakalo lomdlavuza wesibeletho ezweni. Umdlavuza wesibeletho ungomunye wemidlavuza ajwayelekile kubantu besifazane kanti futhi abantu abaningi besifazane uyababulala. IHPV, ethelelana ngokocansi, iyisisusa esihamba phambili somdlavuza wesibeletho. Ukutheleleka nge HPV kungagwenywa uma amantombazane asemancane ethola umgomo we HPV kusenesikhathi empilweni ngokunciphisa amathuba okuba nomdlavuza wesibeletho kamuva ezimpilweni zawo.

Umgomo we HPV unikezwa amantombazane afunda iBanga le-4 aneminyaka eysishiyagalolunye nangaphezulu ngobudala. Umgomo we HPV unikezwa ngamathamo amabili, ithamo lokuqala liyonikezwa ngo Mashi/ Ephreli kanti ithamo lesibili liyonikezwa ngo Septhemba/ Okthoba, izinyanga ezi-6 emva kwethamo lokuqala. Ukubamba iqhaza ohlelweni lomgomo lwe HPV **kwenziwa ngokuzikhethela** kuyogcinwa njenge-ngasese kanye nemfihlo yomntwana. Abazali/ababheki/abanakekeli bawowonke amantombazane aseBangeni le-4 kuyofuneka basayine ifomu lokuvuma. Kuneminye imininingwane ngohlelo lomgomo we HPV kolunye uhlangothi lwaleli khasi. Thintana no thisha omkhulu noma umtholampilo oseduzane uma ufuna eminye imininingwane eyengeziwe.

**Sicela ukuba uqaphele** ukuthi umgomo we HPV **ngeke unikezwe** amantombazane angaphansi kweminyaka eyi-9 ubudala, noma uma beke bagula kakhulu, noma begula kakhulu ngosuku lokugoma. Umgomo we HPV awuyukunikezwa futhi amantombazane akhulelwe noma aseke agonywa nge HPV.

**Sicela ukuba ugcwalise** futhi usayine ifomu lemvume ngezansi, unikeze imininingwane mayelana nempilo yomntwana wakho kolunye uhlangothi lwefomu bese uyibuyisa leli fomu esikoleni.

***Imvume** ichaza ukunikeza imvume ngomntwana wakho ukuba abambe iqhaza ohlelweni.

****Amantombazana aneminyaka e-12** nangaphezulu angavuma ngokusayina esikhaleni esinikeziwe.

Sika

## ISiliphu sempendulo ngoMgomo weHPV: Sicela ugcwalise izinhlangothi zombili

Igama lomfundi: _____ Isibongo:_____

Inombolo kaMazisi yomfundi: _____ Usuku lokuzalwa: _____

Igama lesikole: _____ Ibanga:_____

Mina _____ **nginikeza/anginikezi** imvume yomntanami

(igama kanye nesibongo somzali/umbheki/umnakekeli) (susa okungadingekile)

_____ ukuba athole amathamo amabili omgomo we HPV.

( igama kanye nesibongo somntwana)

**Ngiyaqonda ukuthi ukubamba iqhaza ohlelweni lomgomo we HPV lungokuzikhethela.**

_____ _____

**Isignesha yoMzali/uMbheki/uMnakekeli** ****Amantombazane aneminyaka e-12 ngobudala angavuma ngokusayina lapha** **nangaphezulu**

Usuku: _____ Umakhalekhukhwini: _____

**Amanye amaqiniso mayelana nomgomo we HPV**

1. **Umgomo uphephile awu**nabungozi obutheni entombazaneni.

2. Umgomo uyonikezwa njengomjovo abahlengikazi abazohambala izikole.

3. Umjovo ujovwa ngenhla nengalo.

4. Intombazane igomayo iyokuzwa ukuhlaba kwenalithi.

5. Emva kokugonywa ingalo ingababuhlungu kancane futhi ibe bomvu.

6. Ungagcobi lutho engalweni ukuvimbela ukutheleleka yizifo.

7. Mancane amathuba okungenwa yimfiva, ubuhlungu bekhanda, ukuba nesiyezi

8. Uma enye yalezi zinkinga iqhubeka iya emtholampilo oseduzane noma esibhedlela uphathe ikhadi lakho lomgomo we HPV.

9. Uphinde futhi ubike kuthishomkhulu wesikole sakho noma kuthishela wekilasi ngesehlaka lo uma usubuya esikoleni.

10. Lonke ulwazi olunikeziwe luyogcinwa luyimfihlo.

Sika

| **Sicela ugcwalise futhi le ngxenye**<br><br>**Umlando wokwelashwa** | **Impendulo "Yebo" noma " Cha" kanye nophawu X ebhokisini** |
|---|---|
| Phambilini kungabe indodakazi yakho ike yangaphatheka kahle kunoma yimuphi umgomo noma ike yabe nezinkinga emva kokugonywa ? (Isibonelo ukwaliwa umjovo) | **Yebo** \| **Cha** |
| Uma kunjalo sicela uchaze: | |
| Kungabe indodakazi yakho inenkinga ngokopha isikhathi eside? (Okungukuthi uma esikeka kuyaphuza ukuyeka ukopha) | **Yebo** \| **Cha** |
| Uma kunjalo sicela uchaze: | |